# BT NEWS

IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

www.btnews.co.za • 30 June 2026


**DeComms**

**Painting Services**

- Residential & Commercial
- Paint & Stain Finishes
- Skimming
- Deck Finishing & Maintenance

**Contact number:** 072 284 1191
**Email:** mazoemt@gmail.com


# Akuvuswe umnotho wasemalokishini

**Nash Ngcobo**



WUJENGA lukalayini wabantu baseMalawi abaqhinqe eThekwini abalindele ukubuyiselwa emuva isibalo sabo esikhula nsuku zonke.

UKUXOSHWA kwabantu bokufika ezindaweni zabomdabu kususe olukhulu udweshu.
Yebo kubuhlungu ukuncintelwa iminyundu yinkankane lakwenye indawo, kulanbe elasekhaya.

Yingakho kushiwo kugcwale umlomo ukuthi inkankane nenkankane alidle iminyundu yangakubo.

Lokhu yingxenye yezinto eziqhamuke enkulumweni engibe nayo nosomabhizinisi waseMlazi.

Lowo nguMnuz Sdi Nduli usomabhizinisi okhulele kwezohwebo eMlazi namaphethelo eTheku.

Uke waba yingxenye yobunikazi beqembu Umlazi Citizens elake lagijima kwiNational Professional Soccer League.

UNduli uthi into eqhatha umphakathi nabantu bokufika wubudedengu bukahulumeni ngokuqasha abantu abazazi bona nemindeni yabo, bakhohlwe wusizi lomphakathi obafake emandleni.

Unxusa uhulumeni ngokubuyekeza indlela athi uthuthukisa ngayo umnotho wezindawo zabamnyama, osekusizakala kuzo abantu bangaphandle futhi bebala elingemnyama. Uthe izinto ababethenjiswe zona uma sekunohulumeni wabantu, azifezekanga.



IMEYA yeTheku uKhansela Cyril Xaba obenegalelo ekuxazululweni kwezinkinga zabokufika ezikhungethe iTheku nokulindeleke angenelele ekubuyisweni komnotho wasemalokishini

Uqhubeke ngokuthi abantu abanikezwa izikhundla zokuhola uguquko kuhulumeni omusha, bamoshile futhi basazoqhubeka uma bengavinjwa kulomkhuba.

"Sinxusa uhulumeni aqale uhlelo lokuvuswa komnotho wasemalokishini olufana nolalwenziwa nge_Ithala Rehab yize lungabasizanga abaningi.

"Kulokhu makwenziwe indlela elula abahwebi abazosizakala ngayo futhi bakwazi ukuqhubeka bahwebe, kuqhuba uNduli.

Akuvulwe zonke izakhiwo zokuhweba ezavaleka ngenxa yokuhluleka kwabanikazi ukuncintisana nezikhondlakhondla zosomabhizinisi.

Lokhu kuzofana nokuqala kabusha ukuhweba ngaphansi kukahulumeni onemithetho evikela abasekhaya ukuze kukhuphuke umnotho wezwe

"Izinto zonakale emva kodlame olwaqubuka emva kokubulawa kukaNkk Victoria Mxenge. "Mkhulu umonakalo owenzeka emabhizinisini abamnyama ikakhulukazi emalokishini, amanye awo awaphindanga avuka "Abantu bokufika abangenamaphepha, bangene ngaleso sikhathi iningi labo ebelikhosele ngaphansi kwenkolo yobuSulumane, " kusho uNduli

Uthi iningi izizathu ezibenze bathokomala bagcina sebezimele njengoba sebenamalungelo okuthenga ngezaphulelo kula ma_ wholesalers.

Okubuhlungu ngalama_ wholesalers, awabadayiseli abomdabu impahla, adayisela kuphela abokufika.

Uhulumeni uyabukela, akukho avikela ngakho abantu abamfake emandleni. Ayisaphathwa eyokuhluleka wukuletha nokuvusa izimboni ezizoqasha umphakathi ongasebenzi.

Njengoba izinxanxathela zezitolo zinamba ngoqhibukhowe, izovela kuphi imali yokuthenga kuzona uma abantu bengasebenzi umnotho wakuleli wondla abantu bangaphandle, kulambe abasekhaya


**MOSTERT PEST CONTROL**

**For safe and effective pest control, fumigation, disinfecting, sanitizing & fogging services**

- *Fleas*
- *Weed Control*
- *Fish Moths*
- *Wood Borers*
- *Bees & Spiders*
- *Termites*
- *Rodents*
- *Ants*
- *Bed Bugs*
- *Cockroaches*

**We service:**

- **Offices & Malls**
- **Residential**
- **Clinics & Medical centres**
- **Warehouse**
- **School & Universities**
- **Restaurants**
- **Public Transport**

GUARANTEE QUALITY GUARANTEE

**FREE QUOTATION**
**Contact Monica on**
**072 284 1191**
**or email**
dbn@mostertpestcontrol.co.za
www.mostertpestcontrol.co.za

ABC GR Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
- Facebook: BTNews Iphephandaba Lomphakathi
- Instagram: btnews2026
- Email: btnewsbookings@gmail.com
- Website: www.btnews.co.za



# Liqhakazile ikusasa kwabahlomule kolweMr Price Foundation

mr price

Thubelihle Khumalo










Injabulo ibichichima kubantu abasha abahlomule kwisikhwama seMr Price Foundation sokusimamisa osomabhizinisi abancane ngemali, beqeqeshwe namakhono iBindzu Youth Fund.

OSOMABHIZINISI abancane abasemkhakheni ehlukene abangu-27 beswele amaphiko okundiza ngenkathi beklonyeliselwa ukwenza kahle ohlelweni lokubahlomisa ngolwazi lokusebenza nokuphathwa kwamabhizinisi iBindzu Youth Fund 2006 yeMr Price Foundation.

Uhlelo luqhutshwe kuzona zonke izifundazwe, lwadonsa izinyanga eziyisithupha. Kwisifundazwe ngasinye belungenelwe abangu-20. Kwisifundazwe ngasinye kwaklonyeliswa abathathu abenze kahle kakhulu. Obe sendaweni yokuqala uhlabane ngo-R90 000, okweyesibili wathola u-R50 000, okweyesithathu wathola u-R30 000.

Kube sekuba nesigaba sokuklomelisa abenze kahle ukunabo bonke. Ophume phambili uhlabane ngo-R1 000 000, obe sendaweni yesibili wathola u-R250 000, ophume endaweni yesithathu yena wahlomula ngo-R150 000. IBindzu Youth Fund esungulwe ngo-2025 ichazwe njengendlela yokutakula osomabhizinisi abenza kahle kepha abashoda ngemali yokusimama.

Kuhlomule amabhizinisi ango-51% ophethwe abantu abasha, u-51% wabantu abamnyama, asesebenze isikhathi esingaphezu konyaka, asebenzela eNingizimu Africa, enza imali engeqile ku-R5 million ngonyaka. Ukusimamiswa kwala mabhizinisi kulindeleke ukuba kukhiqize imisebenzi kwazise amabhizinisi amancane aqashe u-60% wabasebenzi kuleli.

UMnuz Octavius Phukubye onguMqondisi kwiMr Price Foundation, uveze ukuthi iBindzu Youth Fund iyingxenye yezinhlelo zale nhlangano zokuthuthukisa abantu abasha abangu-500 000 ngaphambi kuka-2030. Uthe akangabazi ukuthi ukuklonyeliswa kwabenze kahle kulo nyaka kuzokhuthaza nabanye ukuba bezimisele kwezamabhizinisi.

"Osomabhizinisi abaklomele batshengisa ngokusobala ukuthi buningi kangakanani ubuhlakani nobuchule obutholakala kubantu abasha baseNingizimu Africa, nokuthi kungaba usizo olungakanani ukubaxhasa ngabakudingayo kukho esingabala ukubaqeqesha amakhono, ukubahlinzeka ngolwazi, ngisho nokubaxhasa ngemali," kusho uPhukubye.

Ohlabene ngo-R1 million kube uNks Kamogelo Selepe we-ArcaneEdge elekelela osomabhizinisi ukuba benze ucwaningo ngabantu abafisa ukukhangisa imikhiqizo yabo kubo, bebe nesiqiniseko sokuba bazoyithanda noma cha ngaphambi kokukhokha imali yezikhangiso.

"Ngiyabonga kakhulu kwiMr Price Foundation ngomklomelo engikholwa ukuthi uzoba isisekelo sokuba ngenze ezinye izigidi nge-ArcaneEdge. Ukuthembela kwabo kubantu abasha kusibuyisela ngethemba, sikhuthazeke ukuba sizimisele nakuba sibhekana nezingqinamba," kusho uSelepe.

Endaweni yesibili kube uMnuz Khaya Burwana we-Agrikey Farming ekhiqiza izitshalo ngaphandle kokulima emhlabathini, phecelezi hydrophonic farming. Endaweni yesithathu kwaba uMnuz Makatu Tshivhula weThe Light Candles okhiqiza amakhandlela ezenkolo, awasezitolo, kanye nawasemakhaya.

UNks Palesa Phili oyiSikhulu esiPhezulu seDurban Chamber of Commerce and Industry, uthe lolu hlelo lungezinye zezibalulekile ekusimamiseni umnotho wezwe. UNkk Nomfundo Mcoyi- Zondi oyiSikhulu esiPhezulu se-Icebolethu Group, uhalalisele osomabhizinisi abaklomelile, waveza ukuthi uhambo lwabo kwezamabhizinisi selulula ukuqhathanisa nabangakalutholi uxhaso.

BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**Contact No:** 063 421 3035

www.btnews.co.za

CONTACT BT NEWS NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

Email: btnewsbookings@gmail.com



Send us a WhatsApp to subscribe and receive the newspaper via WhatsApp 063 421 3035

ETHEKWINI MUNICIPALITY

# IThekutalks

KEEPING YOU IN THE KNOW

NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Kwamukelwe isabelomali sikaR75.3 billion

**SIPHELELE BUTHELEZI NO ROMITA HANUMAN-PILLAY**

UMKHANDLU weTheku usuwamukele ngokusemthethweni uhlaka iMedium Term Revenue and Expenditure Framework ka-2026/2027, olunesabelomali sikaR75.3 billion. Inhloso yalesi sabelomali wukusheshisa umsebenzi wokuhanjiswa kwezidingo, ukulungiswa kwengqalasizinda, nokusetshenziswa kwamasu okubuyisela umsebenzi wokuhlinzekwa kwezidingo zikaMasipala ezikhokhelwayo esimweni esihle.

Lesi sabelomali esiphasisiwe sifaka isabelo sokusebenza sikaR69 billion nesabelomali sezinhlelo ezinkulu sikaR6.3 billion.

Ikhuluma ngesikhathi kwamukelwa lesi sabelomali ngomhla ka-28 Meyi, iMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ithe lesi sabelomali siwuhlelo lwezezimali oluphusile futhi oluzokwazi uketshenziswa ngendlela enenzuzo.

"Isabelomali sika-2026/27 akuzona izifiso nje, wuhlelo imali yalo esivele ikhona, olwethembekile futhi oluzokwazi ukusebenza isikhathi eside, oluhlolwe nawuMnyango woMgcinimafa kaZwelonke," kusho uMeya uXaba.

Ugcizelele ukuthi lesi sabelomali siza ngemuva kochungechunge lwezigcawu zomphakathi ngemuva kokuba isabelomali esiwuhlaka sethulwe ngoMashi 2026. Kusukela ngomhla ka-13 Ephreli kuya ku-11 Meyi 2026, uMasipala usingathe izigcawu eziwu-12, okufaka umkhakha wamabhizinisi, izinhlangano zabantu abakhubazekile, ezabakhokhi bentela, nezigcawu zezifunda.

"Lezi zigcawu zihanjelwe ngabantu abaningi imibono yabo ebiveza izinselelo zangempela imiphakathi ebhekene nazo. Le nqubo ikhangiswe kabanzi emsakazweni, emaphephandabeni nasezinkundleni zokuxhumana, kumenywa umphakathi ukuba ubambe iqhaza futhi ulethe nemibono ebhaliwe," kusho uMeya.

Uthe imibono yomphakathi ifakiwe kulesi sabelomali. "Senze izinguquko eziphathekayo kwisabelomali ebesisewuhlaka. Nokho, akuzona zonke izicelo ebesingazibhekela ngenxa yokushoda kwezimali. Ngakho, lesi sabelomali sibhekele ngokulingana ukuhanjiswa kwezidingo, ukulungiswa kwengqalasizinda, ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi, amandla ezakhamizi okukhokha, kanjalo nokusimama kwezezimali," kusho uMeya.

Ngemuva kokubonisana nababambiqhaza nohulumeni kazwelonke, uMkhandlu ugunyaze ukubuyekezwa kwamatharifu ka-2026/27, okuhlanganisa ukwehliswa kwamatharifu abephakanyisiwe amanzi, ukuthuthwa kwendle, ugesi, ukuqoqwa kwemfucuza, nentela yezakhiwo.

Amatharifu abuyekeziwe afaka:

- Amanzi asezindaweni zokuhlala asuke ku-15% aya ku-12%;
- Amanzi asezindaweni zamabhizinisi asuke ku-16% aya ku-13%;
- Ukuthuthwa kwendle ezindaweni zokuhlala okusuke ku-13% kwaya ku-8%;
- •Ukuthuthwa kwendle ezindaweni zamabhizinisi okusuke ku-14% kwaya ku-9%;
- Intela yezakhiwo esuke ku-5% yaya ku-2%;
- Ukuqoqwa kwemfucuza okusuke ku-13% kwaya ku-9.5%; futhi
- Nogesi osuke ku-10.5% waya ku-9%.

UMeya uthe lawa matharifu abuyekeziwe azokwethula umthwalo emahlombe ezakhamizi nakosomabhizinisi. "NjengoMasipala owukhathalelayo umphakathi, sethemba ukuthi lokhu kuzowehlisa umthwalo kubakhokhi bentela nakubathengi bethu," usho kanje.

UMkhandlu uphinde wagunyaza nezichibiyelo kwinqubomgomo ebhekele abahlwempu, i-Indigent Support Policy. Isilinganiso samanani emizi ethethelelwa ekukhokheni intela senyusiwe sisuka kuR350 000 saya kuR400 000, kanti isilinganiso sokufaneleka ukuthola isaphulelo kubantu abahola impesheni senyusiwe sisuka kuR2.5 million saya kuR2.75 million.

## Kwethulwe Izikhungo Zemisebenzi Ezimbili



**Bekuyinjabulo yodwa ngesikhathi kuvulwa izikhungo zemisebenzi ezimbili, amaHuman Resource Centre of Excellence, eCraigieburn naseLovu eningizimu yeTheku, ngomhla ka-3 Juni. Lezi zikhungo, ezivulwe yiMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, zizohlinzeka intsha nge-inthanethi yamahhala ziphinde ziyihlomise ngamakhono ezobuchwepheshe, okuzoyisiza ithole amathuba okuzithuthukisa.** Isithombe: THULI DLAMINI

# *UMeya Xaba wethule izikhungo ezimbili zemisebenzi ezizofukula intsha*

**RHULANI BALOYI NO SILINDILE CELE**

IMIPHAKATHI yaseCraigieburn naseLovu, eningizimu yeTheku, ikakhulukazi intsha, izohlomula kakhulu ngezikhungo ezimbili zemisebenzi, amaHuman Resource Centre of Excellence, ezethulwe yiMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ngomhla ka-3 Juni.

Lezi zikhungo zivulwe ngesikhathi esihle impela kuyiNyanga Yentsha, kwazise zizoba wusizo olukhulu kubantu abasha abazokwazi ukuthola izinsiza zezobuchwepheshe. Ukuvulwa kwazo kuwuphawu loshintsho olukhulu emiphakathini ebingakwazi ukuthola amathuba ngokwanele.

Njengoba abantu abasha abaningi bebhekene nezithiyo ezahlukahlukene kwezemfundo, ukuqashwa, nokuthola izinsiza zobuchwepheshe, lezi zikhungo zaseCraigieburn naseLovu zizoza namathuba okwakha ikusasa elingcono.

UMeya uXaba uthe lezi zikhungo zizohlomisa abantu abasha ngezinsiza namakhono ezobuchwepheshe abawadingayo ukuze babambe iqhaza elibonakalayo emphakathini wanamhlanje lapho kusetshenziswa khona ubuchwepheshe.

"Esikhathini sanamhlanje, lapho imindeni eminingi ibhekene khona nezinselelo zezomnotho, lezi zikhungo zizohlinzeka ngosizo olubalulekile njengoba umphakathi uzokwazi ukusebenzisa ubuchwepheshe ne-inthanethi mahhala. Lokhu kuzonciphisa isidingo sokuthi izakhamizi zihambe amabanga amade ukuyofuna izinsiza zalolu hlobo," kusho uMeya Xaba.

Lezi zikhungo ezimbili ziyingxenye yezikhungo zemisebenzi eziwu-34 sezizonke, ezihlinzeka ngezinsiza zobuchwepheshe, izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono, ukwesekwa kwamabhizinisi, nemikhombandlela yezemikhakha yemisebenzi.

Lezi zikhungo ezisezingeni eliphezulu zinamagumbi amakhomyutha esimanje, iWi-Fi yamahhala, futhi umphakathi uzokwazi ukusebenzisa izinkundla zobuchwepheshe ezahlukahlukene, okuzonikeza intsha ithuba lokuthuthukisa amakhono ayo, ukuqhamuka namasu amasha, namathuba aphathekayo ezomnotho.

U-Anele Mgobhozi, ongumfundi kamatikuletsheni eMkomaas Secondary School, uthe lesi sikhungo sibuyise ithemba. "Sizosisiza kakhulu uma sifaka izicelo zasemanyuvesi. I-inthanethi yamahhala nezinsiza zobuchwepheshe kuzosisiza sikwazi ukugcwalisa izicelo, ukwenza ucwaningo, nokuthola kalula izinsiza zezemfundo."

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IZINGA LOKUPHEPHA KWAMANZI EMABHISHI
SKENA LAPHA
UTHOLE IMIPHUMELA YAKAMUVA YEZINGA LOKUHLANZEKA KWAMANZI EMABHISHI.
VAKASHELA KU-www.durban.gov.za
NOMA BHEKA IMIPHUMELA YOKUHLOLWA KWAMANZI OQWEMBENI LWEZAZISO EMABHISHI.

# ITheku liqhubekisela phambili amaphrojekthi amanzi abiza izigidigidi zamarandi

UMASIPALA Omkhulu waseThekwini uyaqhubeka ngamandla nokwakha amaphrojekthi engqalasizinda yamanzi abiza izigidigidi zamarandi, okuhloswe ngawo ukuqinisa ukuvikeleka kwamanzi, ukuzinzisa ukutholakala kwawo kanye nokuthuthukisa ukulethwa kwezinsiza kuwo wonke amadolobha aseThekwini.

Uhlelo lwe-Lower uMkhomazi Bulk Water Supply Scheme, oluhlanganisa idamu lokugcina amanzi, indawo yokudonsa amanzi kanye nesikhungo sokuhlanza amanzi, selungene esigabeni sesibili esibiza u-R11 billion.

"Uma seluphothuliwe, lolu hlelo luzokhiqiza amalitha amanzi ayizigidi eziyi-100 ngosuku (100 megalitres). Kulawo manzi, amalitha ayizigidi ezingama-75 ngosuku azohlinzekwa kuMasipala waseThekwini. Leli nani lizokwazi ukuhlinzeka zonke izindawo eziseningizimu, kusukela eSiphingo kuya eMkhomazi.

"Amanzi ahlinzekwa kulezi zindawo njengamanje azobe eseqondiselwa ezindaweni ezimaphakathi, ezisenyakatho kanye nezisentshonalanga ekude ukuze kuqhubeke ukuzinzisa ukulinzekwa kwamanzi," kusho iMeya yoMkhandlu waseThekwini, uKhansela Cyril Xaba, ngesikhathi sengxoxo nabezindaba ngoLwesine echaza inqubekelaphambili yeQembu Elisebenzayo Likamongameli eThekwini.

Isigaba sokuqala sigxile ezingxenyeni zamanzi angakahlanjululwa, okuhlanganisa izinhlelo zaseNgwadini naseGoodenough, kanti isigaba sesibili sizohlinzeka ngengqalasizinda yamanzi okuphuza.



Isithombe: Ithimba le-Presidential eThekwini Working Group, elihlanganisa abaholi abaphezulu boMasipala waseThekwini, abameleli beHhovisi likaMongameli, kanye namalungu abezindaba, livakashele indawo okwakhiwa kuyo i-uMkhomazi Water Scheme namuhla ukuze lihlole inqubekelaphambili yomsebenzi.

Le ngqalasizinda ihlanganisa isikhungo sokuhlanza amanzi esinamandla okukhiqiza ama-100 ML ngosuku, amapayipi asebenzisa amandla adonsela phansi kanye nokwandiswa kwamadamu okugcina amanzi.

IMeya ithe sekube khona inqubekelaphambili enkulu kulolu hlelo lwe-Lower uMkhomazi Bulk Water Supply Scheme.

"Ngesonto eledlule sethule usonkontileka ozokuqala isigaba sesibili sokwakhiwa kwe-Water Treatment Works. Nakuba iphrojekthi ibambezeleke ngenxa yezinqubo zomthetho, i-Umgeni-uThukela Water izibophezele ekuqinisekiseni ukuthi ngasekupheleni konyaka ozayo sizoqala ukuthola amanzi avela kulolu hlelo," kusho yena.

IQembu Elisebenzayo Likamongameli eThekwini lihola amaphrojekthi engqalasizinda futhi libonisa ukusebenza kahle kwalo ekuhlanganiseni nasekusheshiseni izinyathelo zokubhekana nezinselelo ezisemqoka zentuthuko, ingqalasizinda, umnotho kanye nokulethwa kwezinsiza ngaphakathi koMasipala Omkhulu waseThekwini.

Leli qembu liphinde lihlose ukuqinisa ukubambisana phakathi kukahulumeni kazwelonke, wesifundazwe nowasekhaya, kanye nokuqinisekisa ukuxhumana okungcono nokubandakanywa kwabathintekayo mayelana nenqubekelaphambili eseyenziwe.

"Ngokokuqala eminyakeni emihlanu, wonke amadamu ethu amakhulu okugcina amanzi ahlala ezinzile ngesikhathi samaholide okuphela konyaka, kanti izikhungo zokuhlanza amanzi zaseDurban Heights, Wiggins kanye neMidmar bezisebenza ngokugcwele.

"Lokhu kuholele ekutheni imiphakathi esenyakatho, eningizimu kanye nasezindaweni ezimaphakathi ithole amanzi ngaphandle kokuphazamiseka, futhi ngiyajabula ukuthi lesi simo siqhubekile nangemva kwesikhathi samaholide," kusho uXaba.

Lokhu kungenxa yokutshalwa kwezimali ku-Northern Aqueduct, kanye nokulungiswa nokuthuthukiswa kweNtuzuma Pump Station, okube nomthelela omkhulu ekuzinzeni kokuhlinzekwa kwamanzi ezindaweni ezisenyakatho.

Iphrojekthi ye-Southern Aqueduct ebiza u-R1.2 billion, enepayipi elikhulu elingamakhilomitha angama-24, ihlanganisa ukushintshwa kwepayipi likakhonkolo elineminyaka engu-70 ubudala nelinobubanzi obungu-900 mm kufakwe elensimbi elinobubanzi obungu-1 200 mm. Kulindeleke ukuthi lokhu kuzinzise ukuhlinzekwa kwamanzi kusukela enkabeni yeTheku kuya ezindaweni eziseningizimu.

Lolu hlelo luhlinzeka amanzi kubantu ababalelwa ezigidini eziyi-1.2 ngokusebenzisa amadamu okugcina amanzi angama-33 futhi lungenye yamaphrojekthi abaluleke kakhulu engqalasizinda yamanzi edolobheni. Inhloso yalo ukuthuthukisa inethiwekhi enkulu yamanzi, ukunciphisa ukulahleka kwamanzi kanye nokwenza ngcono ukulethwa kwezinsiza zamanzi.

"Siphinde senza inqubekelaphambili enhle kakhulu ekuthuthukisweni kweSouthern Aqueduct, njengoba izingxenye eziningana zomsebenzi sezivele ziphothuliwe. Siyaqiniseka ukuthi le phrojekthi ka-R1.2 billion izophothulwa ngoDisemba kulo nyaka, ilethe impumuzo ebilindelwe kubahlali abayizigidi eziyi-1.2 abahlala eningizimu yeTheku," kusho iMeya.

Ingxenye yokuqala yomsebenzi (Work Package One) isiqalile ukusebenza ngempumelelo. Le ngxenye entsha ihlanganisa cishe amakhilomitha amane epayipi lensimbi elisha, elixhumanisa iWestcliff Reservoir, iChatsworth Reservoir 1 kanye namanye amadamu asezansi eMlazi.

Ingxenye yesithathu yomsebenzi (Work Package Three) isahlelelwe ukuqala ukusebenza ekupheleni kukaMeyi.

Umsebenzi uyaqhubeka ekufakweni kwepayipi likakhonkolo kuNorthbourne Road eWestville. Ukufakwa kwamapayipi kwakuhlelelwe ukuqala mhla zingama-27 kuNhlaba 2026.

Ngenxa yokuthi uhlelo lwalungakwazi ukusebenza ngokugcwele ngemva kokuvalwa okuhleliwe kanye nemisebenzi yokuxhumanisa amapayipi, kwasetshenziswa uhlelo lokwabiwa kwamanzi oluphuthumayo kwaze kwaba mhla zingama-27 kuNhlaba 2026.

Kubhekwe ukubambezeleka esigabeni sokulungiselela ngenxa yezintambo ze-fibre kanye nezintambo zikagesi ebezitholakala endaweni yokwakha.


ETHEKWINI MUNICIPALITY



SmartRev
A digital innovation for eThekwini Customers.

**Wamukelekile kuSmartRev!**
Inkundla yesimanje yophiko lukaMasipala iRevenue Management Directorate, eyakhelwe ukwenza impilo yamakhasimende ibe lula.

**WHATSAPP**
- Thumela umyalezo ngoWhatsApp: 0647617930
- Cela incwadi yakho yesikweletu
- Thumela imininingwane yokufundwa kwemitha lakho

**I-USSD**
- Shayela ku-*134*031#
- Buka isikweletu sakho
- Thumela imininingwane yokufundwa kwemitha lakho

**E-SERVICES**
- Vakashela ku-https://eservices@durban.gov.za/v2
- Buyekeza imininingwane ye-akhawunti yakho
- Thumela imininingwane yokufundwa kwemitha lakho
- Buka isikweletu sakho
- Thola ikhophi yesikweletu sakho
- Khokhela isikweletu sakho ngokusebenzisa iMasterpass, iQR Code noma iDebit Order

**KUXHUMANA NOPHIKO LOKUQOQWA KWEZIMALI**
Vakashela ku-https://correspondence.durban.gov.za/

Usungakwazi ukufaka isicelo sokufakelwa amanzi nogesi ngale kokuthi uze uye ngqo ezikhungweni zosizo lwamakhasimende nangale kokuze ume olayini abade. Isicelo sakho sizocutshungulwa, bese unikwa inombolo eyinkomba futhi uMasipala uzoxhumana nawe nge-email.

**I-APP KAMASIPALA**
Faka i-App kaMasipala kumakhalekhukhwini wakho
- Cela incwadi yakho yesikweletu
- Khokhela isikweletu sakho
- Thumela imibuzo
- Thumela imininingwane yokufundwa kwemitha lakho

**Hlala uvakashela izinkundla zokuxhumana zikaMasipala ukuze uthole olunye ulwazi.**

# Unesifiso sokuqhubeka azibeke kwibalazwe lezemfashini umsiki wengqephu

**Anele Zuma**

Iningi lentsha libhekana nobunzima uma kuza ngasekuzisunguleleni amabhizinisi angasiza ukungenisa imali ngenxa yokungabibikho koxhaso olwanele noma izinsiza kusebenza abazidingayo, lokhu kuyaye kuholele ekutheni bangabe besakwazi ukufeza amaphupho abo ngendlela abafisa ngayo

Yize bebaningi bebhekana nezingqinamba ezifana nalezi, abanye bayakwazi ukusebenzisa amathuba amancane avelayo ukuzibonakalisa beqhutshwa ugqozi nokulangazelela ukubona umsebenzi wabo uba yimpumelelo, omunye wentsha osehambe ibanga elithe ukuba lide emkhakheni wezemfashini uLuyanda Majozi ungomunye wabasebenzise onke amathuba abevela ukugqamisa umsebenzi wakhe.

UMajozi ukhulele endaweni yase Mpendle esigodini sase Gomane uma ubheke ePietermaritzburg. Emva kokuphothula umatikuletsheni wakhe uthi kwaba nzima ukukhetha phakathi kokufundela ubunjiniyela alandele izinkolelo akholwa ukuthi zithe chithi saka emakhaya zokuthi uma usuka endaweni engekho edolobheni kumele ufunde izinto ezifana nabo ubunjiniyela noma ukuba odokotela, noma alandele inhliziyo yakhe eyayimholela kwezemfashini nokusika ingqephu. Yize wayehlaselwa imibuzo enokugxeka yokuthi wakhetha ukuyofundela ukuthunga nje, uthi waqhubeka walelwa ukugcina engene ngayo imfashini esikoleni, lokhu ukuchaza njengesinqumo esaba sihle kakhulu futhi esimlethele amathuba amaningi empilweni yakhe nangenkathi esafunda eDurban University of Technology lapho abenza khona izifundo zayo imfashini.

"Uthando lwemfashini nokuba umsiki wengqephu kwaqala ngisamncane kakhulu, ngikhule ngihlala nogogo ubethunga kakhulu izimpahla lezi ezigqokwa esontweni, njalo ke mangabe ethunga bengimubukela enza konke lokho. Ngibe sengifunda nami okuncane ngisasesikoleni samabanga aphansi, kuthe uma sengingena esikoleni samabanga aphezulu, ngaqala ngathungela ontanga bebethanda kakhulu ke ukunciphisa amabhulukwe ngalesasikhathi. Ilapho ke engaqala khona ukuthi into yami nokuthunga ithanda ukuba into ekhulayo," kuchaza uMajozi ngokwamenza wahubha iphupho lokuba umsiki wengqephu.

Uqhube wathi into angayigqamisa ngokwamugqugquzela ukuthi athathe le ndlela yilo uthando lwakhe kulandele nakho ukuthi ukhule esezibona efana nogogo wakhe abe umthungi ozimele kodwa athunge impahla yesimanje-manje. Usebenzise ithuba



Eminye imikhiqizo kaMajozi ehamba phambili eyisimanjemanje igqokwa kakhulu intsha izizwe isesitayeleni.

ngesikhathi esafundela yona ingqephu ukuzisungulela elakhe ibhizinisi akhetha ukulinika igama I "Enigmatic Cotton". Uma enaba ngokuqamba ibhizinisi lakhe ngaleli gama uthi kwaba nje igama alithola ebuka isichazamazwi.

"Ngathatha isinqumo sokuziqalela i-brendi yami, isifiso sami kwakuwukuthi ngiqale into ehlukile kanjalo negama lakhona kube into engajwayelekile , yayingekho ke enye indlela ngaphandle kokuthi ngibhekane nesichazamazwi njengoba namhlanje sengine Enigmatic Cotton engikholelwa ukuthi kwaba igama elihle kakhulu nengakhetha ukulisebenzisa ukuze limele izithukuthuku zami," kuqhuba uMajozi.

Echaza ngokwamuheha agcine ekhetha leligama, uthi kwaba incazelo eliqukethe yento eyinsumansumane noma indida , ube eseqhathanisa indlela abuka ngayo imikhiqizo yakhe nalokhu echaza ukuthi ukuze imfashini uyiqonde akumele ubuke umqondo osobala kuphela kodwa uyijulele ukuze uqonde ukuthungwa kwempahla ngayinye nenjongo yomthungi. "Igama elithi Enigmatic lichaza into ehlukile, into engafani nezinye phakathi kweningi, impicabadala kahle kahle. Ngingasho ke ukuthi leligama le brendi limele isitayela sami, engifisa ukusisabalilisa emkhakheni wezemfashini. Ngaso sonke isikhathi ngifuna impahla yam, nebhizinisi nje lilonke kube



Umsiki wengqephu uLuyanda Majozi waseMpendle esigodini saseGomane.

into engafani neyabanye."

Ukuqala kokwethulwa ngokusemthethweni kwe Enigmatic Cotton bekungonyaka ka 2021okuwunyaka wakhe wokuqala enyuvesi lapho uMajozi ebesenza izifundo zesayensi e DUT, okwaba yinto yesikhashana kodwa uthi kwaba unyaka anquma ngawo ukuthi kumele azakhele ibhizinisi ngethalente analo ebe esafunda. Esaqala uthi inhloso kwakuwusungula into eyayizomfakela inkece njengoba ubehlala kude nasekhaya ehola no NSFAS, wabe esebuka impilo ephilwayo edolobheni ukuthi kayifani neyasemakhaya lapho asuka khona kanti nempahla egqokwa ontanga imba eqolo kwaba ukuthi imali ka NSFAS ayanele zonke izidingo anazo

nezinto afisa ukuba nazo.

"Impahla yokuqala engayikhiqiza kwaba izikibha engaqopha kuzo igama le brendi yami, kwaba nje inani lezikibha eziyishumi, okwangijabulisa ukuthi bangeseka la engangihlala khona bayithenga yonke le mpahla . Okwangisiza ukwenza lokhu kube impumelelo kwaba yikho ukuthi ngibekelele imali ka NSFAS ngithenge indwangu, ngiqophe igama bese ngihambe ngikhangisa ngazo izikibha," esho. "Ekuqaleni ngangingakakwazi ukuthunga kahle, ingakho ngathola umuntu ozongisiza kulokho ngibe ngizilola nami eceleni."

UMajozi uphakamise isinqumo sakhe sokukhetha ukufunda ukuthunga khona e DUT, wayeka isayensi , okuyilapho akwazi ukusebenzisa kahle umshini wokuthunga nafunda khona okuningi ngokuba umsiki wengqephu.

Echaza ngokuthi ubekumela kanjani ukuba umthungi aphinde abe ngumfundi ngesikhathi esisodwa, uMajozi uthi ingxenye yosuku bekuba eyokuya esikoleni , ubefunda kusukela ngo-8 ekuseni kuze kube ngu-12 emini. Le enye ke ingxenye yosuku iyona abeyisebenzisa ukuqhuba ibhizinisi lakhe aqhubeke nokukhiqiza, bese kuba ukuthi ebusuku wenza umsebenzi wesikole. Nangempelasonto ubeqinisekisa ukuthi uqedela umsebenzi anawo ngalesosikhathi.

Uthando lwezemfashini lumenze wahambela izindawo ezahlukene zangaphandle okuyilapho ahlangane khona nabantu abahlukene abakuwo umkhakha wezengqephu. "Ngingasho ukuthi sengihambe kakhulu , mengingakubalela nje sengivakashele e Cape Town, e Goli, e Thailand (Bangkok), e Dubai, e Germany , ise Doha nase Finland ese Europe , iningi lalezi zindawo sengizihambele kakhulu nigphinda phindela. Lezi ndawo izona ezibe nomthelela omkhulu ebucikweni bami ngoba bengiqinisekisa ukuthi mangabe ngizivakashele ngiyacosha ngifunde futhi ngemfashini yakho nokuthi bamaketha kanjani ebese ngibuya ngizame ukulungisa ibhizinisi lami njengoba bekuba isifiso sami ukuthi ngingagcini ngokukhiqizela iso lalapha eMzansi kuphela kodwa kuwelele nasemazweni angaphandle."

"I Enigmatic Cotton iqukethe umswenko oseqophelweni eliphezulu kanti futhi ikhiqizela abantu abasebasha kakhulu ngokwesitayela . Inhloso ukuthi sivulele intsha ikwazi ukuziveza nokuzethula emphakathini ngayo I brendi yethu nendlela yokugqoka ngale kwamazwi kuphela. Sivula indawo yentsha ezizwa yehlukile ukuze ikwazi ukukhululeka ibe ilento eyifunayo ngalesosikhathi sisebenzisa ezemfashini. Okwenza ngithi sisebenza kakhulu nentsha ukuthi uma uzobheka ingqephu esiyikhiqizayo uzonaka ukuthi iqukethe kakhulu umqondo wemfashini yesimanje okuyinto intsha eyikhonze kakhulu ize izibize ngama -cool kids," kuqhuba uMajozi echaza ngokusebenzisana kwebhizinisi lakhe nentsha.

Ukuqala kwakhe ukubona ukuthi ibhizinisi lakhe linekusasa eliqhakazile futhi liya phambili , uMajozi uthi kwaba ilapho akwazi khona ukuthenga umshini wokuthunga , wakwazi nokuqongelela imali yokwengeza eminye ngaphezulu asebenze ngayo ukuze imfakele imali eningana. Uthi lokhu kwamenza wabona ukuthi ibhizinisi lakhe lehlukile kanti futhi lidinga ukuzinikela okukhulu njengoba ethunga aphinde aqophe ngokwakhe. Ekukhiqizeni kwebhizinisi, ukwazile ukwethula umsebenzi wakhe ezikoleni, nasezinkampanini ezahlukene.

"Kulo nyaka ngiqhubekezela izifundo zami kwimfashini ngokwenza izifundo ze Diploma kwi Fashion Design. Ngokwenza lezi zifundo, ngizokwazi ukuphinde ngikhiqize impahla entsha ka 2026 okuyinto engisemalungiselweni okuyenza . Kuyisifiso sami ukuthi ibhizinisi lami ligcine liba inkampani enkulu emkhakheni wezemfashini eNingizimu Afrika ekhiqiza izimpahla, iphinde yakhele intsha amathuba omsebenzi angaphezu kwekhulu, iphinde ikwazi ukusebenzisana nezikole jikelele," kusho uMajozi.

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

## IMBOKODO IVEZA AMAGALELO WAYO

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# Bafukula umnotho wasemalokishini ngamabhizinisi angavamile kwabesimame

***ABESIFAZANE abangosomabhizinisi abancane sebetshengise ukuthi ukuswela uxhasomali, ukushoda ngolwazi lwamabhizinisi, ukungenzi kahle komnotho wezwe akulona iqatha elingababinda njengoba beqhubeka nokwenza ezibukwayo. Ngaphezu kokwenza ezibukwayo emabhizinisini, ugqozi abanalo luphinde lube usizo olukhulu emphakathini abavela kuyo ngoba bakhiqizela abanye abantu besifazane amathuba. Kwingosi yakule nyanga iBT News ikwethulela abesimame abathathu abahamba phambili kumabhizinisi emibhako enhlobonhlobo:***


## Thobekile Mtshali

### *Thobzinana Dessert Store and Bakery*

Uyaqhubeka nokukhipha abantu emqondweni wokuthi izicoficofi zemibhako zidliwa ngezikhathi nangemicimbi ekhethekile kuphela. IThobzinana Dessert Store and Bakery ikufaka esitayeleni, nawe udlise okwezicebi ezithi uma zingaqeda ukudla ebese zehlisa ngezinandinandi. Akukhethi ukuthi isidlo sasekuseni, esasemini, okanye esakusihlwa. Nezinandinandi zakhe uyakwazi ukuziqhumuzela zona kungonakele lutho. Ubhakela nalo lonke uhlobo lomcimbi ongalucabanga. Usebenzela eClermont, kepha ungamubiza ezokwenzela okufunwa uwena.

**Utholakala ku-064 439 9346.**







## Cindy MaShelembe Kunene

### *Cindy's Baked Goodies*

Awusiniki esingaboni ngekhekhe elibhakwa uCindy. Mawungadlanga isinkwa okanye i-cereal ekuseni, udle ikhekhe lakhe wehlise ngetiye okanye i-coffee, ujabula usuku lonke ngenxa yobumnandi balo. Uzikhethela wena ukuthi ufuna amangaki, kepha kuyakusiza ukuthi uwathenge ngobuningi ukuze ungabi nokuzisola uma usukhumbula ubumnandi bawo esephelile. Kepha lokho akuhluphi ngoba uyakwazi ukumucela ukuba ekubhakele izinhlobonhlobo ezilinani elidingwa uwena.

**Utholakala ku-073 392 2446.**





## Zandile Damoyi

### *ZandiP Creations*

Uma usulungiselela usuku lwakho lomshado, kuyokusiza ukuba uxhumane noZandile ukuze ezokwenzela ikhekhe eliseqopheleni eliphezulu ukuze njalo uma abantu bekhumbula ubumnandi bokunambitheka kwalo, bekhumbule nobuhle bomshado wakho. Ikhekhe lakhe lizokufaka emabhukwini omlando, kuyothi uma kukhulunywa ngobumnandi bokudla kwemicimbi kukhunjulwe ukuthi awukho umcimbi oyophinde usondele emshadweni wakho. Usebenzela kwa-R, eMlazi.

**Utholakala ku-078 326 8385.**






Intsha eMlazi

# Kukhuthazwe ukubambisana kuqhutshwa umkhankaso wamanzi

NJENGOBA ukuthola amanzi ahlanzekile kungenye yezinto ezibaluleke kakhulu, inhlangano engenzi nzuzo iKaGeke Foundation iqhube umkhankaso wokuqwashisa ngokubaluleka kokongiwa kwamanzi eVukani Community Project.

Lo mkhankaso uhlose ukuqinisekisa ukuthi abahlali abawasweli amanzi ahlanzekile njengoba iTheku lisabhekene nenkinga yokushoda kwamanzi. NgokukaNks Neliswa Dube onguMsunguli wale nhlangano, ukwenza kwabo lokhu kukhuthaza nokubambisana phakathi kwezinhlangano ezisebenzela umphakathi.

Uhlelo losuku luphinde lwasetshenziselwa ukunikelela iVukani Community Project ngezingubo zokugqoka nezijumbana zokudla. UDube uveze ukuthi umnikelo ukolekwa kumalungu omphakathi anesifiso sokusiza kodwa angenaso isikhathi, ebese kuqokwa inhlangano okanye umndeni ozohanjelwa.

Ngaphezu kokubonga abasixhasayo kwizinhlelo zethu, ngibonga nakubantu esibahambelayo ngokusamukela ngoba kwabaningi akulula ukwamukela usizo. Ngiphinde ngibonge nakumalungu omphakathi ngokusazisa ngabantu abaswele. Ukubambisana kwethu sonke kungenza izimpilo zabantu abaningi zibe ngcono, kusho uNeliswa.

Ukunikelwa ngezimpahla kuhambisana nomkhankaso wokuvikelwa kwemvelo kwazise eziningi ezingasagqokwa zigcine zilahlwa ezindaweni ezingafanele, ezinye ziphelele kwizitamkoko nezinqolobane zamanzi. Ngokukhuthaza abantu ukuba benikele ngezingubo abangasazidingi, iKaGeke Foundation iqinisekisa ukuthi amanzi awadungeki ngenxa yazo.

UNks Jabulile Khambule weVukani Community Project ekwa-W, eMlazi, uthe umkhankaso weKaGeke Foundation ube usizo olukhulu kubo ngoba badinga lonke usizo abangaluthola ukuvikela isithunzi sabasizakala kwinhlangano yabo. Ube esephosela inselelo kubahlali baseMlazi ukuba belandele ezinyathelweni zikaNeliswa.

Besicela kubahlali baseMlazi ukuba befike nabo ukuzosinikelela ngezingubo abangasazisebenzisi nokunye okungaba usizo kwinhlangano yomphakathi ku-69 Mafumbuka Avenue okanye usishayele ucingo ku-061 371 6288. Sinakekela umphakathi ngezindlela ezehlukene, sisiza abaswele siphinde sibe nenkulisa, kusho uJabulile. IKaGeke Foundation itholakala ku-**068 5050 882.**








Injabulo kwabeVukani Community Project benikelelwa ngezingubo nokudla ngabeKaGeke Foundation ngenkathi kuqhutshwa umkhankaso wokuqwashisa ngokongiwa kwamanzi.

Intsha eNanda

## Babuyisa isithunzi saseNanda isinegama elibi emhlabeni

NJENGOBA indawo yaseNanda isiphenduke umgodi onganukwanja ngenxa yembiko yobugebengu obenzeka khona, ikakhulukazi okusolwa ukuthi buhlobene neqembu lemigulukudi iWest Gang, intsha yakule ndawo isihlanganyele ndawonye ngehloso yokubuyisa isithunzi seNanda.

Ngokusebenzisa isiqubulo ebese sivele simataniswa naleli qembu lemgulukudu, iqembu lentsha liqale inhlangano eqanjwe ngokuthi iWest Ayilahlani. Inhlangano isebenzisa izinkundla zokuxhumana ukwakhela le ndawo igama elihle.

Lo mfelandawonye wenhlangano usungulwe uNks Queen Makhathini, othe engabona ukuthi indawo azalelwa kuyo isinegama eliphi emhlabeni, wabe esenquma ukuzibambela mathupha ukuze ezokhumbuza abantu ngokubaluleka kweNanda emlandweni weNingizimu Africa.

Lokhu kungenxa yokuthi ukuba negama elibi kwale ndawo kuxosha abatshalizimali nabavakashi, okuba nomthelela omubi kosomabhizinisi amancane nasekukhiqizweni kwamathuba emisebenzi. Konke lokhu kwandisa izinkinga kwisimo senhlalakahle.

"Le nhlangano ngayiqalela ukuvikela indawo eligugu kithi. Bese kudlule isikhathi eside singathathelwa entweni, sesesaba nokusho ukuthi uphuma eNanda ngenxa yesithombe esibi enaso emehlweni abantu. Kuningi okuhle okwenzeka eNanda, sisebenzisa khona ukuvuselela isithunzi sayo," esho.

Uveze ukuthi kusukela beqala ukusebenza ngonyaka owedlule, sekunabantu abangaphezu kuka-378 000 asebesebenzisane nabo kwizinhlelo zezokuvakasha nezamabhizinisi. Uthe bayazigqaja ngokuthi nabantu abasha baseNanda bayaweseka umzabalazo wabo.

Ukhuthaze nosomabhizinisi abasemkhakheni wezokuvakasha nabahwebela eNanda ukuba bexhumane nabo ukuze kuzokhangiswa ngemisebenzi yabo, bethole amakhasimende nabaxhasi abasha. Izinhlangano zomphakathi zona zingasiza ekuqhubeni imkhankaso yokwakha isizwe.





Xhumana ne BT News

- **Facebook:** BTNews Iphephandaba Lomphakathi
- **TikTok:** **@btnews2026**
- **Email:** btnewsbookings@gmail.com
- **Website:** www.btnews.co.za

BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

